
Publication: Ilanga Lempelasonto


Date: Saturday, June 03, 2023

Page: 7




U-Professor
Salim Abdool Karim

# I-DUT IHLONIPHE UPROF - SALIM ABDOOL KARIM NGEZIQU ZOBUDOKOTELA



U-Professor
Salim Abdool Karim ethulwa nguMnu Alan Khan oyi-Senior Director of Corporate Affairs eNyuvesi yaseThekwini Yezobuchwepheshe.



U-Professor
Salim Abdool Karim



U-Professor Salim Abdool Karim Exhawula kuDkt Maditsane Nkonoane oyi-Registrar eNyuvesi yaseThekwini Yezobuchwepheshe

**INyuvesi yaseThekwini Yezobuchwepheshe** iyiphothule ngegiya eliphezulu imicimbi yayo yonyaka ka 2023 yokwethwesa abafundi iziqu. Phakathi kwalabo abebethweswa iziqu kule ndumezulu yomkhosi obuwenzelwe esakhiweni i-Olive Convention Centre ngoLwesithathu mhla zingama- 31 kuNhlaba 2023 bekukhona nogalagala lukasosayensi olugogodile kwezolwazi ngamagciwane, uProf. Salim Abdool Karim waseThekwini. Yena uhlonishwe yileNyuvesi ngeziqu zobudokotela benzululwazi kwezempilo, phecelezi Doctor of Philosophy in Health Sciences, honoris causa.
Kulo mkhosi kube nguye uProf. Salim Abdool Karim owethule inkulumo yosuku. Esebhekise kubafundi abakade bethweswa iziqu ngalolu suku uyiphethe inkulumo ngokugcizelela amaphuzu amathathu okwaluleka, okuyilawa:

- okokuqala wukuba ube nesiqiniseko, uthando kanjalo nobizo lwalowo mkhakha owukhethile;
- okwesibili wukubekezelela izimo, izinselele nezithiyo ohlangabezana nazo kulokho obabele ukukufeza;
- okwesithathu wukuphokophela ukwenza kahle kakhulu ngokwedlulele, unganethezeki weneliswe wokungaphansi kokungcono obungakwenza.

UProf. Gugu Mchunu oyi- Executive Dean: Faculty of Health Sciences ubonge uProf. Salim Abdool Karim ngokuvuma ukuzimatanisa naleNyuvesi amukele ukumhlonipha kwayo ngeziqu zobudokotela ngeqhaza lakhe kwezempilo.

## UNGUBANI UPROFESSOR SALIM ABDOOL KARIM

Kuyiqiniso elimsulwa ukuthi kwabaningi kithina bantu phaqa, igama lika Prof. Salim Abdool Karim kade lingaziwa kwaze kwaba ngesikhathi kubheduka ubhubhane lwe Covid-19 ngasekuqaleni konyaka ka 2020. Amazwi esethulo futhi naqukethe ingqikithi ngamagalelo kaProf Salim Abdool Karim, phecelezi Honorary Graduand Citation, asiveza sicace bha isizathu esiholele ekuthini leNyuvesi inqume ukumchoma uphaphe lwegwalagwala ngeziqu zobudokotela ngokuhlonishwa.

U-Salim Abdool Karim lona wazalelwa kuleli eThekwini, KwaZulu Natal ngo 1960. Wafunda waphothula umatikuletsheni eGandhi Desai High School ngo 1977 wayesedlulela eNyuvesi yase Natal ophikweni lokufundela ubudokotela bezokwelapha. Amazwi ahlakaniphile esiZulu ukuthi umthente uhlaba usamila kumbe inkunzi isematholeni, amfanele ngempela uProf Salim Abdool Karim njengoba kuthe esenza unyaka wesithathu kuzo izifundo zokwelapha, ngaphansi kobuholi buka Prof. Jerry Coovadia, waphumelela ukushicilela kwi- International Journal of Health Services umbhalo wakhe wokuqala ngocwaningo. Lokho kusho ukuthi engakatholi ngisho iziqu zokuqala enyuvesi, kodwa umbhalo wakhe waphuma kwi Journal yezokwelapha ehlonishwa kumazwe ngamazwe.

Esafundela zona belu iziqu zakhe zokuqala kwezokwelapha eNyuvesi yaseNatal, wabhalisa eNyuvesi yase South Afrika (UNISA) lapho wayenza khona izifundo ze-Computer Science kanye ne Statistics. Emuva kokuphothula iziqu zokwelapha (MBChB) ngonyaka ka 1983, wahlabana ngeziqu ze- Masters eNyuvesi yaseColumbia, eNew York kwelase Melika, egxile emkhakheni wezobhubhane, phecelezi Epidemiology. Wabuyela eNyuvesi YaseNatal ukuzoqedela iziqu ze Masters in Public Health Medicine kanye nePhD kuwo lo mkhakha.

Umnikelo wakhe uye wavelela ngesikhathi eyibambe ekhaleni empini yokulwa nobhubhane ingculaza (HIV/AIDS) kanjalo ne Covid-19 nokwaba nomphumela wokuba kuphephe abantu abaningi ekufeni. Ungomunye wababehola ucwaningo umphumela walo okuyi ARV ewumshanguzo ovikela ukutheleleka ngegciwane i-HIV, nowashayelwa ihlombe yizinhlangano zomhlaba i- UNAIDS ne WHO njengegxathu elisemqoka kwezesayensi ekulweni negciwane lengculaza kanye nayo ingculaza futhi lokhu okuklelisiwe njengelinye phakathi kwamaqhinga esayensi ayishumi ahamba phambili onyaka ka- 2010, phecelezi “The Top 10 Scientific Breakthroughs of 2010” yiphephabhuku lezindaba zokwelapha i*Science*.

Ngesikhathi kubhoke ubhubhane i-Covid-19, uProf. Salim Abdool Karim waqokwa ukuba ahole iKomiti likaNgqongqoshe elinamalungu angu- 41 lokunikeza uhulumeni umhlahlandlela wokubhekana nalolubhubhane nokwaluleka umphakathi nohulumeni ngalolu bhubhane kanjalo nezinyathelo zokuzivikela. Amagama njengokuthi “flattening the curve” okusho izimpawu zokwehla kwezinga lokutheleleka - achazwa ngendlela ecacile ngu Prof. Salim Abdool Karim onesipho sokuchazela umphakathi ulwazi olunzulu lwesayensi ngamagama alula ukuwaqonda kangangoba umphakathi wakwazi ukuliqonda elawo iqhaza okumele ulibambe ekunqandeni ukubhebhetheka kwalesi sifo. Kungalelo qhaza okwenza ukuba yena no Dkt Anthony Fauci wase United States of America baklonyeliswa ngokuhlanganyela i- The 2020 John Maddox Prize ngokumela kwabo kahle umkhakha wezesayensi.

## IZIKHUNDLA ASEKE WAZIPHATHA

Izikhundla aziphathile ngokomsebenzi awufundele yilezi:

- Director of the Centre for AIDS Programme of Research in South Africa
- Professor for Global Health in the Department of Epidemiology at the Mailman School of Public Health eNyuvesi yaseColumbia
- Adjunct Professor of Immunology and Infectious Diseases at Harvard University, eBoston
- Adjunct Professor of Medicine at Cornell University, New York
- Pro Vice Chancellor (Research) eNyuvesi yaKwaZulu Natal, eThekwini
- Wake waqhoqhobala esokuba ngu President of the South African Medical Research Council
- Njengamanje ungumqondisi wezizinda zokucwaninga eziwu-4 sikhathi sinye, kuzo okukhona neziphansi kwe CAPRISA, okuyilezi: (i) Director of the UNAIDS Collaborating Centre for HIV Research and Policy and (ii) the Global Virus Network Centre of Excellence, (iii) The MRC extra-mural unit for HIV-TB pathogenesis and treatment, ne (iv) DSI-NRFCentre of Excellence in HIV Prevention
- Ngo 2022 waqokwa ukuba nguMaluleki Wekhethelo (Special Advisor) ngezifo eziwubhubhane kaMqondisi Jikelele weNhlangano Yomhlaba Yezempilo (World Health Organiza0tion)
- Uyilungu le Science Council kanjalo ne WHO TB-HIV Task Force
- Uyilungu le African Union Commission on Covid-19
- Uyilungu le American Association of Physicians
- Vice President of the International Science Council

UProf. Salim Abdool Karim useshicilele imibhalo ebalelwa ku 500, wabhala izahluko ezahlukene eziwu 12, wahlela ngokuhlanganyela izincwadi eziwu 3 kanti unamagunya obunikazi bolwazi (patents) awu 6. Ubalwa nawososayensi bezinga lomhlaba ocashunwe kaningi kwakushilo yi-Web of Science. Ulilungu lama Bhodi amaningana ama journals ahlonishwayo, kuwo okubalwa i-New England Journal of Medicine, Lancet Global Health and Lancet HIV. Ukhethiwe futhi ukuba yi- Fellow of The World Academy of Sciences, The Academy of Science in South Africa, The Royal Society of South Africa kanjalo ne The American Academy of Microbiology. Uyilungu le The US National Academy of Medicine.

## IZINDONDO

Phakathi kwokunye aseke wahlonishwa ngakho uProf. Salim Abdool Karim, kubalwa lokhu okulandelayo:

- Kwame Nkrumah ekhishwa yi African Union nokuyindondo yekhethelo kulo lomnke izwekazi i-Afrika
- Ungomunye wabawu 50 abayizihlabani (Legends) zeSouth African Science
- Drug Information Association President’s Award for Outstanding Achievement in World Health
- Olusegun Obasanjo Prize ekhishwa yi- African Academy of Science
- Gold Medal Award ekhishwa yi- South African Medical Association
- Al-Sumait Prize yezwe lase Kuwait
- TWAS Prize ekhishwa yi- The World Academy of Sciences
- John FW Herschel Medal nokuyindondo ephambili ukuzedlula zonke ezikhishwa yi- Royal Society of South Africa
- Science -for- Society Gold Medal ekhishwa yi- Academy of Science in South Africa
- Platinum Medal Lifetime Achievement Awardekhishwa yi- SouthAfrican Medical Research Council
- CPHIA Lifetime Achievement in Public Health Award ekhishwa yi- African Union ne Africa CDC ngo 2021
- Ngokuhlanganyela nomkakhe uQuarraisha baklonyeliswa nge Lifetime Achievement Award ekhishwa yi- Institute for Human Virology (IHV)
- John Dirks Canada Gairdner Global Health Award
- Vietnam VinFuture Special Prize owawukhishwa okokuqala
- Hideyo Noguchi Prize okungumklomelo wekhethelo okhishwa nguNdunankulu wezwe lase Japan.

**Obikayo nguBonginkosi Zondi**

100544N

DURBAN UNIVERSITY OF TECHNOLOGY
INYUVESI YASETHEKWINI YEZOBUCHWEPHESHE



DURBAN UNIVERSITY OF TECHNOLOGY
INYUVESI YASETHEKWINI YEZOBUCHWEPHESHE

This material has been copied under a Not Selected licence and is not for resale or retransmission.